

Incidents in Chunu history, burial, cattle
dief. K13/21 K13/21 #2 1/15
s545/39 IB AM/3/21 F. Vilakazi

1. Ukushona komuntu

Ukushona komuntu akufani nokugoduka komuntu. Kugoduka umuntu omudala. Nokulila akufani. Kumuntu ogodukile kuyaabongwa, kumuntu oshonile kuyakhalwa. Uma umuntu esezoshona kuye kubizwe abanye ukubonisa lowo ofelwayo. Uma eseshonile uhlala nabaningi abantu abayizihlobo nomakhelwane. Isidumbu sibekwa eceleni othandane lwendlu. Kuzakuthi laba abaku leyondlu bahlale bexoxa izindaaba zokholo nezinye izindaaba ezizokwenza lona oshonelwe akhohlwe alalele lezo zindaaba. Kuzakuthi uma kungena abanye besililo bese kusuka esikhulu isililo kukhalwa. Kuzawu hlalwafuthi kuzekwe izindaaba umasebe qedile ukulila.

2. Kuthi uma belila baqale ngokukhuleka kuqala. Kuzakuthi uma sebevukile ekuthandazeni bathi "Sesizalahla umulomo wana wase kuthini, sizohlenganisa namahlo ngaloku okukuvelele wena wasekuthini Sizobodla umuswaneni njenge zinkomo." Sekuzophendulwana ngokukhala Sekuzoshiwo nemisebenzi emihle yalona oshonile. Sebethi bangaqeda sebehamba. Sebesala laba abafukamale esidumbu. Kuzo fukanywe usuku ashone ngalo lona ofile nobusuku balo. Kuyakuthi ngakusasa bese amadoda ehamba eya emathuneni eyokumba ingcaba. Kuwumuthetho ukuthi umuntu omudala uhlala usuku nobusuku balo engabelwe. Kwenziwela izihlobo ukuaba zimufumane nezivela kude nabantwana abavela emusebenzini. Ngosuku ashone ngalo akusetshezwa

3. Nokade elima uyakhumula. Nokade esebenza muphu umusebenzi uyawu yeka. Ibina lona alikhumuki uma esandakushona. Liyeka ngosuku lokubelwa. Alizili lona ngosuku ashone ngalo kuthiwa "umubungu". Sekuzombiwa ithuna ngasuku olulandelayo amadoda. Kumbiwa ithuna lilingane nomuntu omileyo. Umuntu oqala ukumba ithuna yilowo ofelwe. Kuzakuthi uma esekhombile shlalephansi sekuzokumba abanye abazomelekelela. Akumuthetho ukuaba azimbele lowo ofelwe. Kuza kuthi umaseliphetwa ithuna kulungise yena lowo oshonelwe futhi. Kuwumuthetho lowo. Sekuzo lindelwa amakhosikazi alethe ukudla kubantu ekade bamba. Kuletwa utshwala nombaqanga nobontshisi kulaaba ~~nkix~~ ekade bamba.

4. Baqala ukumba ekuseni kuthi umasekusemini liphele. Kuzakuthi umasekusemini yantambara kuqale ukuqamuka abantu ngazozonke izindlela. Sekuzophunywa nofileyo ephitwe amadoda athize ngohlaka sekuzoyiwa lapho azolahlwa khona emathuneni ngenkathi ka 3 ntambama. Sebezolandela abanye abantu ngemva bahambe bekhala belandela abaphethe isidumbu. Akuklaywa emuzini nesidumbu, akuklaywa emasimini nesidumbu ngokwesatshwa izulu ukuwisa emasimini. Kuye kugewe kwenzelwa amasimu. Kusebusika lapho kungahlonishwa amasimu. Izinkomo azinqanyulwa phakathi ngesidumbu. Akukhulunywa umasekuphetwe isidumbu sisiwa emathuneni kuyathulwa kuhanjwe ngokuhlonipha.
5. Uma ukuthi isidumbu siholwa izinkabi ngesihliphi azishaywa zihamba ngokuthula kancane futhi. Usezofakwa emugodini nesiphukusakhe necansi lakhe futhi. Kwakwenziwa igunjenalo kuqoshamisa oshonileyo. Ubefinqwa esandakushona alungele umugodi wakhe. Kuzakuthi uma sebebuya bahambe bayogeza emifuleni kande baye ekhaya sebezoyokudla inyama yamakhubalo. Kuyakuthi umase bephumile ezindlini besekuhlathwa inkomo nezinto ebekumbiwa ngazo emathuneni ziyagezwa kade ziye ekhaya. Umasekugqitshwa wonke umuntu uzofaka igade ethuneni lalowo ogwatshwayo. Sekuzozila bonke ekhaya ngisho nezingane zizozila. Kwakungathethwa
6. kushoniwe kwakungeshelwa kushoniwe. Izintombi zingagqomi umakusashoniwe. Kwakugacanguzwa umakushoniwe, kwakugacelwa umakushoniwe. Izingane zingaculi namaculo okuya bula. Kwakuzilwa inyanga izingane. Abadala bazila izinyanga 36. Iminyaka ewu 3. Umakushone ingane abadala bazila izinyanga ezintathu.

Uma umuntu elinywaze u izulu akahlali ~~xx~~ suku esheshe ambelwe kude namathuna, uma futhi eshiswe amanzi nawumulilo akahlali suku, usheshe ambelwe. Noyele emanzini usheshe ambelwe futhi kuyona leyondawo lapho elimelele khona. Umasebesesidunjini somuntu othathwe yizulu bayageza ngezintelezi ukuze izulu lengabuyi nabo nesidumbu sicelwe futhi.

7. Ukuzila:-

Amakhosikazi ayeluka umuhlahle, noma incinini, benze

s545

iziqokwana 6ese abafelokazi 6ezi twala. Futhi 6athenge amabayi, 6angawa khathi ngamafutha amabayi. Inkosikazi ayihlangani nendoda uma isazilili, umakwenzekile inkosikazi yahlangana nendoda, indoda iyagula iphatwe ukufa kwendlu. Futhi indoda ayihlangani nenkosikazi umakuphume isisu. Uma ihlanganile nendoda iphatwa ukufa kwendlu. Ukufa kwendlu kubonakala ngo6a indoda yeme ingakhulu phali 6ese ikwehlela njengesifube ukuze indoda isize kuloku ukufe inkosikazi ithatha inzila yenkosikazi yethwale yona. Uma ingenzanganjalo iyafa. Kunjengomufazi uma eye emfuleni, indoda ayiyi kuyena.

8. Umufazi akawadli amasi uma eshonelwe, akaluphuzi u6isi olunethiye. Inkosikazi ayingeni esi6ayeni sezinkomo. Inkosikazi ayizinqamuliphakathi izinkomo namajoko ayiweqi. Kayithethi inkosikazi nezingu6o ezimnyama noma ngesingcwazi sezintambo. Kuyakuthi emvakwenzinyanga 36 inkosikazi ikhumule. Uma ekhumula umfelokazi uhamba namakhosikazi e6usuku 6ayekude nasekhaya, sebezomukhumula isingcwazi 6esesi shiswa ngomulilo. Nezingu6o ezimnyama kwenziwa njalo uzekhumulela kude 6ese ziyashiswa esenikwa ezinye futhi ezinhle okungezona zenzila. Sekuhlatshwa izinkomo nezimbuzi. Sekuzodliwa yi6o6onke abantu. Abafazi sebezothola ukungenwa abafowabo, noba 6aqome kwenye indawo.
9. Uma umuntu eshonelwe ingane akufani noma eshonelwe umuntu omudala. Ukuzila akufani futhi uzila isikhashana esincane izinyanga ezintathu. 6onake 6akhumula ngembuzi njena. Kunomuthi ab6geza ngawo umase6ekhumula. Unkosikazi uma eshonelwe indoda akagundi ekhanda ugunda e6usuku. Nesicongo sendlu umakushone umnumzane usisusa e6usuku. Umfazi akahlobisi endlini indoda isemusebenzini. Umfazi akagundi uma indoda ingekho ngo6a uma imufumana egudile ingamenzela icala ukuthi u6elala namanye amadoda. Uze agude uma esenayo indoda. Akusiwona umuthetho uku6a umfazi agunde ekhanda enendoda ingakafi indoda yakhe. Umfazi akahambi ngekhande emuzini wendoda uthwala iduku ukuhlonipha.
10. Indoda uma ifika ivela emusebenzi ifikela kwa6o. Ilala isonto kwa6o. Kuzakuthi umfazi eze azoyi6ona kwa6onezingane.

s545

Umakoti uma efika emuzini uyahlonipha uhlonipha ngencyi phezukwamabele. Akathethi futhi. Uze athi angathola izingane bese uyaqala naye ukubona ukuthi uwumufazi, aqala nckuthetha emuzini umakutshwelezwa ekhaya, noma kufe ingane ngendlela engafanele kusuka umuntu omudala akhulume nabaphansi. Uye azungeze umuziwonke ekhuluma nabaphansi, uthi, "Kwenzenjani nina basekuthi, mkwenzeleni lokuna, mqondeni nina basekuthini." Usho umakuhlathshwe inkomo, noma imbuzi yokutshweleza. Leyonkomo iyagwazwa ngomukhonto nembuzi iyagwazwa futhi.

11. Seyigwazwa isizothi ingawa leyonkomo sekubongwa futhi, yena lowo okade ekhuluma nabaphansi. Sebezoyikhipha ngezithozayo zonke izitho. Sekuzothi ilulu nomuhlehlo uphanyekwe emusamo othandane. Kuyakuthi musukwana iphelayo leyo nkomo bese kusuka yena omudala abongele bese a edla yona leyo ilulu nomuhlehlo lowo. Kwenziwa ikhehla elidala noma isalukazi esidala. Abantu abasha abaya emifuleni nje ngabesifazane abayidli. Idliwa abadala nezingane ezincane. Leyonyama kuthiwa eyamadlozi. Notshwala buphuzwa yi6o abadala abangasazali kanye nezingane ezincane. Umasebuzophuzwa kuphuma umuntu omudala azungeze umuzi wonke e6iza bonke abakhulu ase6afa.

12. Ukusinda kuMfeli Mdawonde ngempi yamathela nezindela:-

Njengo6a impi yamathela, nezindela yasuka eMhlangane, ntambama liyoshona ilanga izindela zayibubisa imizi ngala6o 6osuku. Kwathi uma impi isiphikelele phezulu entanyana lapho kwakukhona umuzi kaMfeli Mdawonde kwase kunonyezi. Wathi ukuyi6ona impi uMfeli wawela iMprofana e6aleka nenkosi-kazi yakhe encane uMaMajola. Kuthena uku6a abone ukuthi akanakusiza wayese-gqoka isidwa6a senkosikazi, wahamba naye uka Majola. Wedlula kuyona impi ayamunaka yacamanga ukuthi kungamakhosikazi woma6ili. 6athene ukwedlula impi walahla phansi isidwa6a wemuka waqonde

13. eMahlathini kumfowa6o eMhlazane. Inkosikazi wayishiya wathi ayiqonde ku6o kwesa kwa Dumakude. Wayiyala inkosikazi uku6a ingasho ukuthi ushonephi. Isifika impi emuzini wakhe isi6ulela uMpikheleli indodsna yakhe. Impi yamufumanisa ethi ucachile

s545

- emugodini wamabele. Kuthena uku6a imuswele u Mfeli yemuka yalandela wona umukhondo wamakhosikazi ama6ili. Kuthena uku6a iwele impofana yawuzwa umukhondo ukuthi wedlulile uMfeli eyedwa. Siyiye imufunyanisa. Imufunyanisa usehlomile nabafowa6o namadodana akhe a6aleka eNtanyana awela yona imPofana. Kuthena inkosikazi yakhe encane ifike waDumakude yawuhla6a umkhosi
14. ukuthi uMfeli usefile. Wathi ukukuzwa loku uMaju6a wayihlomisa eyamathela. Phela uMfeli uyena nduna enkulu ka Silwane kaPhakade ongavumanga uku6a uGiba wenkosi ka Phakade a6use. uMfeli wavumela inkosikazi uMangu6ane 6alahla uGiba. Impi yezindela imusukela kangaka njena ngo6a uyena owona izwe lenkosi laMacunu. Kuthena uku6a idumelane eyamathela nezindela khona eMuhlazane. Kwafumaniseka ukuthi izindela zinamandla zayikhukhula ekaMfeli Kuthena kunjalo yayingena ekaMajuba Dumakude. Useyingena qede useyiph6nsa emaweni eyezindela. Kuthena uMfeli uku6a ezwe ukuthi izindela sezibalekile zixoshwa uMaju6a yebuye yahlangana eka Mfeli kanye neka Maju6a kwase kubayimpi ekulu. Yayikhukhula
15. eyamathela ikhukhula izindela. Uthena uku6a e6one lolubici uGiba wayewashona kwesika Thekwane. Kuthena noma impi isi6ambeni wayengasekho yena. Kwazisa ukuthi amathela elekelelwa a6amhlophe wona yehlulwa eyezindela. Kuthena 6ethikunjalo uMfeli eselapha kwaDumakude ku6o kankosikazi yakhe. Kwathi e6usuku inkosikazi yakhe iyahu6eka i6ulawa isisu ya6ona impi enkulu izungeze imuzi kaMajola. Usephuthums uMaMajola usethatha uMfeli usemuthetha emhlane usephumanaye. Impi yamushayange zinti icamanga ukuthi umeme umutwana. Kuthena uku6a endlule yona impilena wamu6eka phansi 6a6aleka kakhulu 6aye 6ahlomafuthi yena uMfeli 6eno
16. Maju6a. Impi yezindela yawushaya yawubuqa umuzi ka Majola kodwa ~~xxx~~ wasinda uMfeli. Kuthena uku6a ihlangane ukuphuma kwelanga yona eyezindela namathela ya6aleka eyezindela. Wasindaka njaloke uMfeli induna ka Silwane empini yezindela. Kuthena ngalo lelo langa wa6onjwa uGiba, wase uyadingiswa kwawuku phelakwayo impi. uMfeli uzewa6ulawa umukhuhlane njena. Kwaqala yena uka Majola wemuka naye uMfeli walandela. Yingako impi yezindela

namathela ayipheli ihlala ivuka njalo njena. Yingakofuthi. Izindela sezakhe zodwana namathela akhawodwa. Izindela ziyavama ukuvimbezela amathela ziwashisele nezindlu ebusuku kulelwe. uZuma uNkonyane washanende no Gasa Ndawonde, no Thumula Dladla nabanye abaningi.

17. uMzocithwayo: Wamenzayona indunayakhe uMfeli Ndawonde njengo6a wayeyindoda ehlakani phile. Wonke lamasu okuphumelele empi yezindela namathela uyena owayetshena inkosikazi ukuthi manjena kuhle yenzeloku. Kuthena noma abamhlophe se6emususa uMzocithwayo yena wasala wa6e eloku eyiyona induna ka Mtshudi ka Silwane. Kuthena ukuxabana kukaMtshudi noKufakwezwe, uyena owayilamula. Ubeyindoda edumile uMfeli kwelase Macunwini. Futhi ubeyuyanga yempi yaMacunu. Kuthena uku6a abone ukuthi abantwana ba6abene wayese phonseka kuyona inkosi uKufakwezwa ukuyitshena ukuthi mayisukulwa nomntwana uMtshudi ingani abamhlophe se6ediniwe izimpi za6antu. 6azomkhipha kulezi zikhundla.

18. Ukusenga inkomo.

Izinkomo amazizele ziyayekwa izinsuku ezintathu zihamba namankonyane azo kuze kuphele umuthu6i kunina. Amankonyane anesibaya sawo. Umasingekho afakwa kwezezimbuzi noma kwesezimvu umakungenjalo iyakhulekwa ngesisinga. Akhethwa ntambama amankonyane. Kuzakuthi abafana be6ezinkomo se6beliqamba ibizo lalo. Ama6izo amankonyane awafani ukuze angahluphi uma se6ewajaheda, noma se6ewakhetha. Uma ekhethwa kuthiwa "Homedi" (Kom uit) amankonyane ase6ohluka konina uma ezwakushiwo njalo. Uma ukuthi elinye liphazamile langena konina selizophuma ng6nduku be6elibiza ngegama lalo alisena kuphinda inkonyane. Abanye 6awa 6iza 6athi "gwayigi". 6ese khetheka konina.

19. Asewalelwa. Kuya6a sekuseni sekuphuma izinkomo ezindala inkazane noma inhlazane ngolonye ulimi. Nakhona esibayeni sezinkomo umfana umangaphandle azi6ize izinkomo athi, "womayidi" sezizophuma izinkomo. Kuzakuthi emini zi6uye sezigwansile, sezibonsa izinkomazi. Kuzakuthi umasezi6uya abafana abancane 6aphume namathunga nezifaso zokusenga izinkomo nezintanjana

s545

ezimfushane zokubopha amakwiyi emaphalini. Amaphali aklela enkudleni abemangingi uma umnumzane efuyile. Abaye bawampela khona esibayeni amaphalilana. Amaphali amahle awezigxobo roma evama ukwephukanjena. Amahle kakhulu awamatshe, nezinsimbi izigxobo. Nempundu yesibaya iyenziwa amaphalo.

20. Uma ikwiyi lizoboshwa ephalini liya6izwa futhi ngegama lalo. Kuthiwo, "lasikwiyi". Isizophuma iqonde ephalini layo. Amaye ayaziphumela aqonde emaphalini awo lana abavama ukuqalangawo. Sebezogeza izandla abafana abasengayo. Yilelo nayilelo thunga linamanzi. Amanye anomulaza amathunga. Sekuzokhethwa umfana wokuyojaheda amankonyane avimbele kuze kuphele ukusenga ejaheda. Inkonyane uyibiza ngegama lalo liphume kwamaningi lizwa igamalalo. La6a abasengayo bayebathi, "jahede" ekakani. Usezoyibizake ngegamalona ovimbele nonina usezobonsa ngokuzwa kubizwa inkonyane yakhe. Ababanjelwa amathunga bazi6ambela ngamadolo. La6a abancane bashaya amankonyane umakusengwa. Bemeli nokuthulula umasekugcwele ithunga, nokubiza efunekayo inkonyane kuzakuthi
21. umasekugcinwa ukusengwa kugcinwe ngezinkomo zokukleza. Nalowo unenkomo akleza kuyona. Nezinkomo zokuhongela zizodwa, yilezi ezinemibele emide ezingagcobizi umazisengwa. Inkomo enomubele omufushane iyalona ihongo. Sekuzakuthi izinkomo ebezisengwa zifakwe esibayeni kuvalwe sekuyodliwa ekhaya ukudla. Basakuthi bangaqeda ukudla bazihomeyidi izinkomo sebevulile emnyango. Ngalenkathi zihamba nawo amankonyane ziye okhalweni.

Umfana ongawagezi amathungo akakleziswa, nomfana ongahlaniphile uma kulungiswa amathunga akakleziswa. Kukleziswa la6o abenze kahle. Umfana ongazange akleze uligwala, futhi ubayisilima angafani nala6a abaklezayo. Yingako abanumzane beyebathi umfana uma ehlakaniphi, "kwakleza impela loku".

22. Uma eyisilima bathi, "Akuklezanga kahle loku". Kunezinkomo ezisengelwa abanumzane. Abafana abakleza kulezo abakhulu abelusayo. Yizona ~~xing~~ zigcinayo ukusengwa. Yilezi esezinamathole "masi ethole amandi, njengo bisi lwalo uma ukleza, njenge hongo lethole. Phela nabanumzane bayakongelwa. Awa6o umulaza uyacwe6a unga6i namasi ubeluhlazacwe. Iwona unehongo elihle elivuthwa /kahle.....

s545

kahle. Umfana uma ehongela kufuneka asenge kahle enkomeni ethambile, enomubele omude ngo6a hleze lonakale ihongo. Uma esaqala usenga ngamunye umbele athi, "klwa" athule a6one ukuthi liyenzeka yini ihongo. Umaseliqalile usengasenga nakakhulu kodwa adimade e6eke isineke sokubeka ukuthi selinjani manjena, ngo6a lingashintshali6e u6isi, uma esesengele kakhulu.

23. Elabanumzane ihongo eliya ekhaya. Elabafana lidlelwa khona esibayeni. Abancane abalidli bagcina ngokukleza kuphela. Umaselizodliwa likhanywa umulaza, kade libekwe elangeni isikhashana uku6a livuthwe. Sebelidlake abakhulu, kuthi umfana oncane oze nomulaza sebemukhangeza. Umfana uma ethuke esuza ngokuphunyuka, "uye athi ngikleza ku 'bantilongo' nobani 6ese eshaya ikwelo". Uma engagcwilanga bayamushaya aze agcwile. Umfana ongenankomo ku6o uyinhlekisa kwabanye bamushayanjalo. Bamuncisha nephaphu imbala. Futhi akahlakaniphi njengabanye abafana. Ukhula eyigwala ngo6a akazange akleze elusefuthi. Yingako abanumzane bakuqala bebethanda ukusiselwa izinkomo ukusengela abantwana. Kwakungenje nganamhlanjena lapha umuntu angazidla aziqede, uthi umusisele wena.

24. Uku6onga kwabanumzane uma zi6uya izinkomo.

Ziya6uya komo ka zulu, hlamvukazi enco makhalelwa izizwe zonke, zihlangu zikazulu e6uthene, enkonka ecelakwezinde iziziga kwezincane ingaminzi mondli wezintandane, ezingena nina. Kazi ziyabuyazuluna, umjeke jeke ongadinwa imilomo Zulu laduma phezu linga lindelwe, laduma lazithatha ezawo6a6a, lathatha zihlanguhlangu zamadoda, Thulani nina 6aka6a6a liya6uya elihle kakhulu. Gugu lenkosi hamba mahamba a6uye kufe amadoda, zihlangu zikazulu e6uthene, ntaki eduke nomhlambi waze wafinyelela kuleli, kazi zobuya nini si6uyele kwelakithi kwazulu ntamo kayidinwa yiziqu, kazi liya6uyanini elihle kakhulu. Zulu hlanganani zi6uye ezinka nda6a.

25. A6onga amakhehla kuwe izinyembezi phansi. Ufumanise izinkomazi sezicwaza zonke namankomye. Zikweza loku umagesuthi, noma zephuzile uku6uya. Futhi uma kade zi6ongelwa ziyehlisa kakhulu

s545

impela. Phela ukukhala kwenkomazi kuyingozi ngo6a nakwaZulu iyona yayilwisa amadoda kunokwe nkunzi ukukhonya. Amakhosikazi ayathula aphi du uma kubongelwa. Nabafana bathule bathi du. Ikhehla selizozila ukudla lize lidle ntambama kade lizivalele endlini. Lisuke likhumbula ukuthi kwelakwa Zulu nelase Swazini uma kubonsa izinkomo kwakuphuma impi. Ukubonsa kwenkomo kwekuyi nto enkulu impela kuzulu.

Inkunzi yona ibongelwa abafana umazizo kulwa nezinye. Nawo amakhehla ayayibongela njena noma kungento ehlasimulisa umzimba kangako.

26. Kunjenje, amadoda ahamba ngezidwedwe ngo6a walahleka, mahlola impi kufe amadoda, mbango madoda kufe izinsizwa Guya komo, Guya komo kazulu. Luvemvane luma6ala mahle angabukwa amadoda kushe izizi6a, ngo6a imifula ibigeleza igazi ngawe, nkonka ecela kwezinde, nkomo engenamukhulumeli, ziyawubuya Zulu nkomo zenkosi, Nkonka uyesabeka, unodumo ezweni. Inkonkoni engadinwa ukukhonkotha, Maphimbophimbo ungebalwe, khala nkomo yenkosi, khala nkomo ka Zulu usinga k lwakho luvusa ezindala zawo khokho, khala nkomo kaZulu udumolwakho lukhulu, Mthethi wezinda6a ezinzima, telezi yezinsizwa namadoda. Mukhondokhondo uyesabeka uhanjwa amaqhawe wodwa.

27. Ngezimpi, bekucelwa ngazo izikomazi impi uma mhlawumbe kubonakele yona mkomazi inidwe ngensizi ezimpodweni bekwaziwa ukuthi impi ayinakulunga. Kwathi ngempi yaMacunu neya6a Thembu ka ngoza noPhakade, kwathi amaChunu esemanyiseni kwaqamuka inkomo, inkomazi isizwakala ikhala, lenkomazi isikwe isho6a nendle6e iyopha igazi. Kuthena ngoku6a ibone izihlangu zamadoda yakhonya yanqamula impi phakathi. Kuthena kunjalo yezwakala impoloza buqamu imbongi ithi:-

Gebuza Zulu lakungemunga kungamutholo, nqamula abantu amaqambi, ngogozaabantu nezezi nkomo, mgwazi weziqananazana, manqa bathi adlani ngalena kweleziya nta6a. Vula indlela sendlule.

28. Kuthena uku6a ithule ya6asilapha impi ya6aThembu. Inkomo

s545

sebewuka ibeka enzansi noTukela ihamba njalo iyagijima sengathi ishiye inkonyane ekhaya. Sebethi ukuyilandela ayisa bonwa lenkomo isizibonakala isiwela lona uTukela. Aseyiyeka aMacunu. Impi isihlangana sekufa * ucaca kwaaba semacunwini. Usekhuza uGasa ukubona ukuthi uyahlulwa eyase Macunwini uthi khumu. Uyena nceku eyayihambe nempi. Isigaleka eyase Macunwini yahlulwa kanjalo.

- Futhi inkomo kwakunezinka6i ezingaboshelwa noma kwenziweni. zingahlatshwa zihlala njena, lezonkomo kwakuthiwa "ama6ika" a6ika impi 6ekuthi uma impi iza a6uye ezinkomeni, a6uye ebodla engene esi6ayeni aphande khona. Kwaku6e sekuyaziwa ukuthi impi isifikile,
29. Sezizinka6i zazelashwa izinyanga ukuze zikwazi ukubika impi ezayo. Uma i6ika lizwakale libonsa la6uya leza ekhaya yayisuke iseduzane impi. Kodwa uma libonse lazula ledlelo lonke kwakusho ukuthi impi isekude. Nebala kwakuaga geji ukubika kwe "6ika".

Inkomo:- Uma inkomo ihlatshwa yayingabanjwa ngemicilo yayigwazwa ngemikhonto. Uma inkomo isheshile ukuwa kwakusho ukuthi umnumzane ulula uyakusheshe afe empi. Kwakufunwa izinyanga zimelaphe kuqala kade aye empini lowo mnumzane. Kufuneka inkomo bayigwaze amanxe6a awu 5 noma 4 ukade iwe phansi. Loku kwakukhomba ukuthi usaqinile umnumzane. Izinkomo zazelashwa zinukiselwa ngezinyamazane njengomntwana ezelwe.

30. Imithi yokunukisela izinkomo:-

Kwakuthathwa amafutha e6ululu kuthi ekuseni ukuphumakwelanga umnumzane avuke nesibalala ayesi6ayeni eyonukisela izinkomo hamafutha enza izinkomo uku6a ziqine zingawi masishane, noma zeqiwe inkosikazi imika6i iphuma emfuleni, noma ifelwe. Ayasizafuthi uma izinkomo ziqala ukungena emahlangeni, ukuze zithi noma zihlanga neza6anye a6antu ezelashwayo zingazondi 6ese zizaca. Amanye amafutha okuziqinisa awenhlwathi. Nawo enziwa njengawo awe6alulu.

Uma ufuna izinkomo zakho zikhwelwe kufuneka amafutha emvubu. Lamafutha anindwa ngemuva enkomeni yensikazi. Izinkomo zonke zoyilandela ziyiruke nezinkunzi sezizoyilandela sayiyekhwelwa.

s545

31. Uma ufuna izinkomo zakho zande uthatha isidleke sempangele usishisele emunyango wezinkomo nowezimbuzi uhlanganise namafutha enkukhu noma nawayo impangele amafutha. Ziyothi nomazizala izinkomo zizale ngamaibili amankonyane, nezimbuzi futhi zenziwa kanjalo. Nomuntu uyamiselwa ukuaba azale amaphahla x ngeshongwe lihlangene namanye amakhubala. Nokuzala izinsikazi izinkomo ziyamiselwa njengomuntu. Zinukiselwa ngaso isidleke sempangele kanye nesikanogwaja. Uzithake ngamafutha esikhukhukazi. Ezinye njalo izinyanga zisebenzisa amanye amafutha nezidleke.

Okunye okwenza inkunzi yezinkomo ikhwelo kuthathwa izingaba zemfe, zinikwe umfana omncane ukuaba ashaye inkomo leyo ayikhiphe ngentuba enkulu ayingenise ngentuba engemuva. Sekuzothathwa umuthi okuthiwa ubangalala noma kuyinjambe njena. Sekuthathwa umcamo waleyo nkunzi uxutshwe nenjambe ibanjwe iphuziswe.

Ukugwazwa kwembuzi uma kubongwa amadlozi. Kuthathwa umkhonto womunumuzane osewafa noma osekhona. Sekuziswa imbuzi eminyango womuntu osemudala. Sayigwazwa ngomukhonto isikhala imbuzi sebebongela kubongwa abaphansi bakulowomuzi, sebephinda beyigwaza ngomukhonto isikhala futhi imbuzi kuze kuze kathathu kwenziwanjalo. Kuyakuthi ngokokugcina bayigwaze njalo izi ife

33. ububende baleyomvu noma imbuzi buthelwa endishini encane bubekelwe wona amadlozi lawo. Kuthi ngakusasa bunikwe abadala, abudliwa abasha, budliwa abadala kuphela. Kuthathwe injongo leyo ibekwe kuthi ngakusasa bacele ngayo inyama ingakafakwa emabodweni. Kuthi eseleyo isiyo hlonywa khona endlini yabadala. Umusebenzi wayo icela umntwana uma eshile. Netshwala bamadlozi bucelwa ngayo inyongo leyo. Lembuzi uma isizodliwa kulandiwa omdala azobonga kuqala kande idliwe. Umswane wayo uyacelwa kanjalo ngayo inyongo uthelwe nezintlezi ukuze abantu bangakwazi ukubulala abanye ngawo. Amathambo ayo abekwa ndawonye endlini.

34. Izinhlobo zotshwala nokwenziwa kwazo:-

Kukhona umuqombothi, kukhona isigomfane, kukhona isimehlane, kukhona ezincane notshwala besizulu.

Utshwala besizulu bulula ukuenza, kanti futhi bushimbile uma

s545

benziwa, abafuni izinhlobo eziningi zokuthaka njengezinye izinhlobo zotshwala. Futhi utshwala besizulu abufuni imithombo eminingi abudakani kakhulu futhi. Ukuze umuntu enze utshwala besizulu kufuneka loku:- Umuthombo, nempuphu. Umuthombo kuthathwa amabele acwilwise emanzini izinsuku ezimbili noma ezintathu, uzothi uma uwakhipha lapho uwafake emugqonyeni uwagqumise noma embizeni engenamanzi wenzele ukuaba amile manjena, usuzowe mboza ngento ukuaba amile kahle. Ukwenza izinsuku ezintathu loku

35. ukuwagquma noma ezine. Uzowakhiphalapho uweneke manjena wenzele ukuthi omekahle esemilile. Uma esemile usuyawagaya. Usuzokhelela emanzi manjena emufuleni uwathele ezimbizeni. Usuzothatha amanzi uwofuthumeze athi angafuthumala usukala umuthombo usuthatha impuphu yombila oziqozi usuyilinganisa nawo umuthombo. Usukuthela ndawonye usuthela amazilawa abuthuku khona kuleyo mbisa. Lesisenzo kuthiwa ukuthona. Usuzothi uma usuthonile ukuyeke kuze kubile kahle. Kuzothi uma usubona ukuthi sekubilile usuthatha amanzi abizwa ngokuthi iphiliqa lana abilayo kuloku obewukuthona, lawomanzi usuzowa hlanganisa nabandayo usuwabilisa manjena.
36. Abanye utshwala obumnandi babuzwa ngalo iphiliqa ukuthi bumnandi lobutshwala. Kuthi umasekubila ebodweni amanzi anephiliqa sekuzothathwa inhlama inzika yephiliqa ifakwe kulawo manzi beseku govuzwa kwenziwa umudokwe. Lowo mdokwe kuthiwa umncindo. Sewuzobiliswa isikhathi eside njenge phalishi. Kuzothi uma usubilile wephulwe bese uyapholiswa. Umncindo umnandi kakhulu uma uwudla. Umuncu. Kothi uma sewupholile kugaywe omunye umuthombo wokuvubela. Ukuvubela kuthathwa umuthombo uthelwe kumncindo osupholile bese ugovuza. Usuzoyekela sekuzobila. Kuzothi umasewubona ukuthi sekunesikhathi kubila usuzofuna ivovo. Ivovo leli lenziwa ngencinini. Iyaklaywa umaseyo mile uzothi
37. uma usuqede ukuyiklaya usuyicwilisa emanzini kancane njena usuyiphatha izintambo uma usuqede loku usuphatha intambo ende ngayo incinini. Usufuna isibowane senduku ususiqaza * sicije ngenzansi njengo (peg) le black-board, * Usulungisa usungulo usulithunga ivovo. Ulithungela kusona isibowane leso lize liphele.

s545

Kuzakuthi umasebubilile utshwala buhluzwe ngevovo kuzakuthi okusala ngase vovoni kuthiwe izinsipho noma kuthiwe amavovo. Kuzakuthi amazi aphuma ezimbotsheni zevovo yi6ona kuthiwa utshwala lo6o. Amavovo noma izincipho kuphiwa amahashi, nezinkukhu, izingulube noma izinkomo. Izimpahla ziwathanda kakhulu amavovo. Abanye bayawaphinda amavovo bathele amanzi kuwona aphindefuthi a6ile bathele nomuthombo.

38. Isigomfane: Isigomfane utshwala obunamandla buyashesha uku6a daka abantu. Genziwa ngokuthaka izinto eziningi. Kuqela kuthathwe amahobisi uwapheke aze a6ili kuthi uma ese6ilile uwephule 6ese uyawapholisa. Usuthenga ushukela kenye nobulandi, namakhasi kapha yinaphu. Usuzethatha amavovo otshwala obusha obusandakuvovwa usukuhlanganisa konke loku ndawonye. Uzothi umasekuhlangene konke loku6ese uthatha isaka usiwala imbiza lepho uhlanganisele khona kungangeni ngisho nomncane umoye. Usuzokuyeka kulale kuvaliwe ku6ile. Kuyakuthi ngakusasa usuyakuvova. Nako kuvovwa ngalo ivovo. Usuyakupholisa kancane kungaka phuzwa
39. umawenzi into elingana ingcazi uthenga amahobisa kazuka, uthenge uphayinaphu ngosuka. Uthenge utshukela kazuka, uthenge nofulawa kazuka, 6ese uletha amavovo ngendishi kasheleni. Lo6utshwala buyingozi ngo6a buyashesha ukumudaka umuntu. Noma umuntu ephuze ngenkomishi uyadakwa. Yi6ona futhi 6unemali uma u6odayisa.

Lo6utshwala aku6ona 6ebandla, buyafihlwa.

Isimehlane: Kuqalwa ngokuthengwa izinkwa zifakwe emanzini ashisayo engaka6ili. Kufakwa izinkwa ezimbili noma zintathu egogogweni, 6ese ufaka ukalo kuwona amanzi ashisayo anezinkwa. Usufaka namahobisi noma ka sheleni uma izinkwa ziningi ziwu 4. Usufaka amakhasi kabanana, noma kapha yinaphu. Usukuquma ukwemboza ngamasaka lonke ilangalelo. Kuthi ngakusasa usukuvova seku6ilile. Akufakwa imithombo kona. Kuyasheshe ukudakena, kuyamufomisa umuntu kodwa asheshe ukulamba.

Enyeke inhlo6o yamahobisi ngisho sona isimehlane njalo uqala ngokupheka iphalishi, ulipholise umaselivuthiwe upheka iphalishi elimanzi. Usulithela embizeni, usuthenga ushukela, nokolo, usuthatha amavovo otshwala nemithombo usukuzu6a konke loku.

Ukuhlanganisa selepholile iphalishi. Usukuquma izinsuku ezimbili ukuvalengesaka. Kuzakuthi umaseku6ili kahle usukuvova. Sekuphuzwa umasekuvoviwe, nenhlo6o ayidakani yona masishane.

Ezincane kuqalwa ngoku6ilisa amahobisi a6ile isikhathi eside uma ese6ilile usuwahlanganisa neyisiki ya6elungu, nomuthombo

41. 6ese ukuhlanganisa nomuthombo owenziwe ngokolo. Usuthela noshukela omnyama (utilingi). Usuthela nobanana phakathi nawoke amavovo otshwala. Usuzokugxova ndawonye asepholile amahobisi usukuquma uku6eke endaweniefudumele ukuvale ngesaka. Kuzakuthi umaseku6ilile usukuvova ngevovo. Kuthiwa ezincane ngo6a uma umuntu ephuze inkomishi wayiqeda akavuki phansi.

Utshwala lo6u aku6ona o6ezinsizwa nezintombi o6amakhehla. Izintombi nezinsizwa zibuphuza ngoku6e6a ukuze zidakwe. Ziyabanjiswa kancane njena ngamakhehla. Zazingavunyelwe ukuphuza njengezi ngane zanamhla. Umsebenzi wezinsizwa kwakuwu kweshela izintombi. Umsebenzi wezintombi kuwukutheza nokulinda nokukha amanzi. Ukudla kwazo izintombi yisigwamba.

42. Isigwamba: Kuthi umakuvovwa utshwala 6esizulu izintombi zigaye imithombo ziyithele ku6ona utshwala 6elo. Kuzakuthi amazivova kusale inhlesa ngaphansi. Sezizoyi phaka manjena i6ile ishe 6ese ishuba inhleselena sekuyisona isigwamba. Lokuke wukudla kwezintombi, namakhosikazi.

Ifumuka:- Ifumuka utshwala u6usasuka evovweni 6use6usha. Guyagulisana utshwala o6unjalo. Guyaqumbisana futhi. 6usuke 6ungaka6ili kahle uthi noma u6uphuza 6unike u6uluhlaza 6emithombo.

Isilaza:- Lo6u utshwala o6o6u6udala o6o6uhlale izinsuku ezintathu noma ezingaphezukwazo. 6usuke se6u6ile 6aze6aqeda. Lo6oko 6u6angelana unjongwe, nesilungulela, futhi 6unjengo tshwala o6umunyu o6u6angelana amagolwane, nomuzimba o6uhlungu.

43. Ukuze utshwala 6u6e munyu kusuke imithombo 6ayithele 6ungakapholi kahle (umncindo). Kufuneka umuntu a6uthake isipholile impela imincindo. Utshwala a6unomncindo oshisiwe kuthiwa umqombothi. Lo6utshwala 6uvamise kwelase silungwini a6enziwa kwazulu nasemaCunwini.

Ukuphuzwa kotshwala.

Amadoda ahlala wodwa namakhosikazi ahlala wodwa futhi nezinsizwa zibazodwa nezintombi zibazodwa. Amadoda anikwa ingcazi enkulu. Kuthi amakhosikazi anikwe x olukhulu ukhamba. Izinsizwa nezintombi zinikwe, olungaphansi kwelamakhosikazi. Kuye kuletwe imbiza phambi kwamadoda nezinkamba ngokwendlulana kwazo. Amadoda asazokhetha umfana, noma insizwa uku6a ithunge

44. utshwala. Uma se6uthungiwe, se6uzo6a kiwa. Kusuka umnumzane akhombise umfana lowo ukuthi lolu khamba luse lapha yana. Amakhosikazi nezintombi kuvama ukuhlala ngandawonye noma kwehlukene ngezinkamba kodwa ku6a sendlini yinye. Namadoda nezinsizwa ku6anjalo. Izinsizwa zihlala ngalena kwezinsika ohlangothini lwa6esifazane. Lapha eziko kuhlala imbiza. Amadoda asazo6iza enye insizwa uku6a iwakhethale utshwala. Insizwa uma i6izwa amadoda isukuma ngokushesha, ihlale izinze phansi 6ese iphuzake, ayiqoshi. Uma isiphuzile isizo6onga ilwesule kahle ukhamba i6onge. Nazo izinsizwa zonowazo oziphungulelayo ukuze ziphuze. Isihambi siphungulelwa umnini muzi ukuze siphuze. Kwesatshiwa ukudliswa.